eduka yena um' a t' abantu ba izinyoka Ngokuba nabantu abadala aba 'madoda si ti lapa si buzayo si ti, " Amadhlozi lawa ku tiwa a izinyoka nje ngani?" ba ti, " Ngoba kw amadhlozi " Si buze tina, si ti, " Ake ni si tsheli abantu abafa be nemisila na?" Ba kohlwe lapa, ba nga si tsheli Si ti ke, " O, imi ukuba ni nga si tsheli amadhlozi a izinyoka na?" Ba tsho njalo ke, ba kohlwa, ba nga si tsheli uma si zwe Si y' cwa uma be tsho amadhlozi enyokeni, ka si zwa uma inyola idhlozi

" People are snakes " For old men, when we ask why it is said that the Amadhlozi are snakes, say, " Because they are Amadhlozi " And we ask saying, " Just tell us if dead men have tails " They are puzzled there, and cannot tell us And so we say, " O, how is it that you do not tell us whether the Amadhlozi are snakes " So they repeat the same words, they are puzzled and do not tell us, that we may understand We understand if they say, " The Amadhlozi are in snakes," we do not understand if they say, " The snake is an Idhlozi "

*Ukuaba equivalent to Create*

NJENGALOKO lapo inkosi ya tsho, ya ti, " A ku be kona ukukanya," kwa ba kona nje-ngokutsho kwayo inkosi, si ti, " Kw' aliwa imi si ukulanya " Ku njalo ke abantu ba ti, " 'Aliwa amatongo Umvelinqangi," Ba ti futi, " Umuntu wokukqala w' aba amatongo, ukuti, wa wa veza " Ba ti, " Zonke izinto z' abiwa umuntu w kukqala, Unkulunkulu, z' enziwa uye," ngokuba ku ya linana ukwabiwa nokwenziwa

Just as when the Lord said, " Let there be light," and there was light in accordance with the word of the Lord, we say, " The light was created [abiwa] by the Lord " So the people say, " The Amatongo were created [abiwa] by Umvelinqangi " So they say, " The first man created [aba] the Amatongo, that is, he gave them being " They say, " All things were made by the first man, Unkulunkulu, they were made by him," for kwabiwa and ukwenziwa are one man in

Lapa tina ke, tina bantwana bavelayo, si ti, " Alintwana ba bavelayo at the present time, now

ba lahleka. Ini ukuba ba ti ka ba m azi Umvelinqangi na? Abantu abaziyo abafundisi; bona be kulu-ma ngemiteto yenkosi. Yona si i zwayo igama layo, nendodana yayo. Si ya kohlwa uma yena umuntu wokukqala wa be ubani; loku si zwa Unkulunkulu Umvelinqangi; si ng' azi uba yena Unkulunkulu lo wa zalwa ubani.

Loku abelungu ba fika nje naba-fundisi, sa si li zwa igama lokuti, u kona Utikxo. Ku ya s' ahlula okutshiwo abantu, uma ku nga bi ko umuntu o ti Unkulunkulu wa dabuka kukqala nje, umfazi wake kwa ku ubani, nendodana yake. Loku indodana katikxo si ya i zwa ngabafundisi ukuti Ujesu. Si y' ahluleka; tina si ti ba lahleka. Ini uma ba si tshele Unkulunkulu? Si zwe ukuti be ti wa dabula izizwe zonke ezimnyama; si nga i zwa indawo lap' e kona a zi dabulela kona.

Si kohlwe ke lapo kulabo 'bantu uma be ti s' enziwa Unkulunkulu, Umvelinqangi, (ukuti Umvelinqangi nje, ngokuba a vela kukqala

“Black men are mistaken. Why do they say that they do not know Umvelinqangi? The people who know are the missionaries, who speak of the commandments of the Lord. We hear His name, and that of His Son. We do not know who the first man was; this only we hear, that Unkulunkulu is one with Umvelinqangi; not knowing who was the father of Unkulunkulu.

But since the white men came and the missionaries we have heard it said that there is God. We cannot understand what the black men say, for there is no one who tells us that Unkulunkulu first came into being, and what was his wife's name, and that he had a son. But we hear the missionaries say that Jesus is the son of God. We do not understand what the black men say. We say, “They are mistaken. Why do they tell us about Unkulunkulu? We hear them say that he created all the black nations; but we do not hear of the place where he created them.”

So we do not understand what these people mean, when they say we were made by Unkulunkulu, Umvelinqangi. He is called Umvelinqangi for no other reason but because he came into being first

ngapambili kwabantu.) Ba ti ke, "Wa memeza, wa ti, 'Ma ku vele abantu, ku vele izinto zonke, nezinja, nezinkomo, nezintete, nemiti, notshani.'" Kepa ke si ng' eze s' azi ezin/liziyweni zetu uma si zwa be tsho njalo, be ti izinto z' enziwe Unkulunkulu; si nga u zwa umfula owa be zi dabulela kona izizwe a z' aba Unkulunkulu.

Si ti into e ize leyo kankulunkulu. B' eduka nobuula. A si i zwa into eyona y' enziwa Unkulunkulu. Tina si velayo si vela se be si tshela be ti s' enziwa Unkulunkulu. Si ti, "Into e ize. Ka i ko into yekqiniso lapo; ngoba a ba ko aba ti si y' azi lapa Unkulunkulu a dabulela kona abantu."

Si ti tina si zwa abelungu,—zonna izindaba zenkosi zi sezincwadini. Si ti, "Nampa abakuluma ikqiniso, be ti, 'Inkosi i kona.'" Na manje inkosi i kona. Nati si ti si vela kwa ku tiwa i kona inkosi; i sezulwini, ukuti Utikzo. Indaba

immediately before men.<sup>8</sup> So they say, "He shouted saying, 'Let men come forth; let all things come forth,—both dogs and cattle, and grasshoppers, and trees and grass.'" But we could never understand in our hearts when we heard them say that all things were made by Unkulunkulu; and did not hear the name of the river where Unkulunkulu broke off the nations which he created [aba].

We say this matter about Unkulunkulu is a vain thing. They wandered with folly as a companion. We do not know a single thing that was created by Unkulunkulu. As soon as we were born they told us we were made by Unkulunkulu. We say, it is a vain thing. There is no truth in it; for there are none who say, they know the place where Unkulunkulu broke off the people.

We say we understand the white men,—the true accounts of the Lord which are in books. We say, "Behold the men who speak the truth, when they say, 'The Lord is.'" And even now the Lord is. And we too say that from our birth it was said, the Lord is; He is in heaven; that is,

<sup>8</sup> Note again the force of *nga* before *pambili*: *pambili*, before—any indefinite time before; *ngapambili*, just before, immediately or a short time before.

kankulunkulu a si y azi ; a i kgo-  
 ndeki ka/le ; insumansumane nje.  
 Loku noma be ti, Unkulunkulu  
 wa tuma unwaba, wa ti, a lu yo-  
 kuti ezizweni zabantu, lu yokuti,  
 abantu ma ba nga fi ; ba ti, kwa  
 ti ngasemva kwonwaba wa tuma  
 intulwa ngasemva kwonwaba, u-  
 nwaba se lu hambile ukuya 'kuti,  
 abantu ma ba nga fi ; ya hamba  
 ngasemuva intulo ukuya 'kuti, ma  
 ba fe. Kwa za kwa fika intulo  
 kukqala ; ya fika, ya ti intulo,  
 abantu ma ba fe. Kanti unwaba  
 lu libele ubukwebezane, ya za ya  
 buya intulwa ; kanti unwaba olu  
 tunywa ukukqala, ka lu ka fiki, lu  
 libele ubukwebezane. Lu te se lu  
 ya 'kufika kubantu, se lu fika lu  
 ti, " Ku tiwa, abantu ma ba nga  
 fi." Ba se be ti abantu, kqede lu  
 memeze unwaba, lu tsho njalo, lu  
 ti, " Abantu ma ba nga fi," b' ala  
 abantu, ba ti, " Si bambe elentulo ;  
 se u kuluma ize wena ; izwi e si li  
 hambileyo, si bambe elentulo, yona  
 i fike ya ti, ' Ku tiwa, Abantu ma  
 ba fe.' Nant' igama e si li bambi-  
 leyo. A si y azi leyo 'ndaba o i  
 tshoyo, lunwaba." Tina ke si ti  
 ke, mfundisi, si ti, izindaba zama-  
 nga ; leyo 'ndaba i nge ko. Aba-  
 ntu b' enziwa inkosi. Unkulu-  
 nkulu si ti wa kw azi ngani uku-  
 tuma izilwane ezihukquzela nge-  
 sisu pansu, a ti i zona z' emuka za  
 ya 'kukuluma kubantu indaba na ?  
 Si ti, ba ko/lwa.

God. We do not understand the  
 account of Unkulunkulu ; it is  
 not easily understood ; it is a mere  
 fable. For although they say,  
 Unkulunkulu sent a chameleon  
 to go and tell the nations of men  
 that men were not to die ; and  
 that after the chameleon he sent a  
 lizard to tell men that they were  
 to die ; and the lizard arrived first  
 and said that men must die. The  
 chameleon forsooth loitered at a  
 bush of ubukwebezane, until the  
 lizard came back again, and the  
 chameleon which was sent first  
 had not yet arrived, stopping to  
 eat the ubukwebezane. And when  
 it came to men it said, " Unkulu-  
 nkulu says that men are not to  
 die." And when the chameleon  
 had made this proclamation, men  
 refused to listen, and said, " We  
 have received the word of the  
 lizard ; what you now say is vain ;  
 the word which we have received  
 is that of the lizard, which came  
 and said, ' Unkulunkulu says,  
 Man must die.' That is the word  
 which we have accepted. We do  
 not understand the matter, Cha-  
 meleon, of which you speak." We  
 thus say, Teacher, that these are  
 false accounts ; the tale is not real.  
 Men were made by the Lord.  
 We ask how could Unkulunkulu  
 send animals which creep on their  
 bellies, to take a message to man ?  
 We say they are deceived.

A si y azi indawo lapo Umvelingangi abantu a ba vezela kona, uma ba be kona nje. I ya s' abulula nati le'ndaba; nabadala abafayo ba fa be nga l' azi lelo 'zwe lapa Unkulunkulu a dabulela kona abantu uma ba be kona; nabadala abasala kwabafayo ka ba tsho ukuti, si ya l' azi lelo 'zwe lapa Unkulunkulu a dabulela abantu; nabo ba ya dinga nje ukuba nabo b' ezwe ngendaba ukuti, Unkulunkulu wa dabula izizwe. A b' ezwakali abanye Onkulunkulu balezwe 'zizwe a nga dabulanga Unkulunkulu wakubo. Tina se si ti uma si ba buza si ti, "Ake ni si tshela Unkulunkulu, si zwe," ba ti, "Ka s' azi." Si ti, "N' ezwa kanjani na ukuti kwa ku kona Unkulunkulu na?" Ba ti, "S' ezwa ngabantu abadala aba ngapambili kwetu." Si ti, "Labo aba be ngapambili kwenu b' ezwa ngobani na?" Ba ti ke lapo, "Si ya kohlwa; ka s' azi." Si ti, "Unkulunkulu wa be into e ize nje. Ini uma si ng' ezwa izindaba zake Unkulunkulu uku zi tshela zona izizwe a be z' enza Unkulunkulu na? Ku be i loku ni pika ngokuti kwa ku kona Unkulunkulu

We do not know the place where Umvelingangi gave men being, that they might have life. Neither can we any more than our fathers understand this matter; and the ancients who are dead died without knowing the country where Unkulunkulu created men that they might have life; and the old people who are still living do not say they know the country where Unkulunkulu created men; and they too want to be told about the creation of the nations by Unkulunkulu. Other Onkulunkulu of those nations are not heard of, whom their own Unkulunkulu did not create.<sup>9</sup> And if we say to them, "Just tell us about Unkulunkulu, that we may understand," they reply, "We do not know." We say, "How did you hear that there was Unkulunkulu?" They reply, "We heard it of old men who were before us." We ask, "Of whom did those who were before you hear?" They say, "We cannot tell. We do not know." We say, "Unkulunkulu was a mere vanity. Why do you not understand the accounts of Unkulunkulu, which he told the nations which he made? Since you only assert continually that Unkulunkulu was, how can we understand

<sup>9</sup> He means that there is one supreme Unkulunkulu, from whom all other Onkulunkulu sprang.

njalo na? Si nga zi zwa izindaba  
zake na? Ka si kolwa."

UMPENGULA MRANDA.

what relates to him? We do not  
believe."

ABANTU ba ti ku kona amadhlolzi  
abo. Ba ya kolwa kuloko, ngo-  
kuba ka b'azi ukuba umuntu u ya  
ngapi ekufeni kwake. Ba fumana  
ukuti ukupenduka inyoka ngoku-  
kcbanga kwabo. Ba ti umuntu  
u ya fa; ngemva kwaloku, uma e  
se file, a buye a penduke inyoka;  
ba ti ibizo lenyoka, ba ti, itongo;  
ba kuleka kulo ngoku li /labisa  
izinkomo, ngokuba ba ti izinkomo  
futi ezalo, ba zi piwa ilo; futi ba  
ti, ba pila ngalo; ku ngaloko be li  
/labisa izinkomo. Ba ti, uma be  
za 'ku li /labisa, ba buyise izinko-  
mo en/le, uma be se z' alukile;  
noma zi se sekaya, ba zi butela  
'ndawo nye noma zintatu noma zi-  
ne; ka ba zi buti zonke; ba leta  
lezo ezi neyaku/latshiswa itongo,  
ba zi ngenise esibayeni; ba gakze  
imvalo esangweni, be se be zi kgo-  
kqela. Umnikaziyo e se kuleka  
ematongweni, e ti, "Nansi inkomo  
yenu, nina 'bakwiti;" e se kuleka,  
e ba balisa oyise noninakulu a se

THE people say their Amadhlozi  
exist. They believe in that, for  
they do not know where men go  
when they die. When they  
thought of the matter they dis-  
covered that they turned into  
snakes. They say a man dies,  
and when he is dead, he turns  
into a snake; and they gave that  
snake the name of Itongo, and  
they worship it by sacrificing cat-  
tle, for they say the cattle too be-  
long to it; it is it that gives them  
cattle; and they say it is by it  
they live; therefore they sacrifice  
cattle to it. When they are going  
to sacrifice, they bring home the  
cattle, if they have been driven  
out to pasture; or if they are still  
at home, they drive three or four  
together; they do not collect them  
all; they select those which are  
with the one they are about to  
sacrifice to the Itongo, and drive  
them into the pen; they close the  
gateway with poles, and then drive  
the cattle together in one place.  
The owner of the bullock having  
prayed to the Amatongo, saying,  
"There is your bullock, ye spirits  
of our people;" and as he prays  
naming grandfathers and grand-



ba fa, e ti, "Naku ukudlala kwe-  
nu; ngi ya kcela umzimba omna-  
ndi, ukuba ngi hambe ka/le; na-  
we, banibani, u ngi pate ka/le;  
nawe, banibani," e tsho njalo, e  
balisa ngabo bonke bakwabo a se  
ba fa. Emva kwaloko e be e se  
tata umkonto omunye o za 'ku i  
/laba, e se nyonyoba, e se i gwaza  
em/labankomo, ukuti elu/langoti-  
ni; i be se i kala, i ti, "Eh;" e  
be e se ti umniniyo, "Kala, nko-  
mo yamad/lozi." E se pinda e  
balisa futi ngaloko, ngokuba e ti  
ba m nikela abakubo ukuba a  
hambe ka/le ngaloko 'kukala  
kwenkomo. I be se i /linzwa, se  
i pelile, umniniyo e be e se ka ig-  
zana elincinyane, e se sika um-  
/lwe/le futi, e se u tshisela nga-  
sese negazana, e se li beke ngase-  
futi, e se tata impepo e se basa  
yona, e se beka um/le/wana  
pezu kwempepo, e ti, u pa aba-  
kubo usi olumnandi. Emva  
kwaloko ba be se be i d/la ke  
inyama. Ku pela.

mothers who are dead, saying,  
"There is your food; I pray for a  
healthy body, that I may live  
comfortably; and thou, So-and-so,  
treat me with mercy; and thou  
So-and-so," mentioning by name  
all of their family who are dead;  
and then the one who is going to  
kill the bullock takes an assagai  
and goes cautiously towards it,  
and stabs it in the place where the  
ox is usually stabbed, that is, in  
its side; and then the ox bellows,  
and the owner says, "Cry, ox of  
the Amadhlozi." And then he  
again mentions the Amatongo by  
name, because he thinks they have  
given him health, because of the  
cry of his ox. It is then skinned.  
When the skinning is completed,  
the owner takes a little blood, and  
cuts off a portion of the caul, and  
burns it in a secret place with the  
blood, which also he places in a  
secret place; and he takes incense  
and burns it, having placed the  
caul on the incense, thinking, he  
is giving the spirits of their people  
a sweet savour. After that they  
eat the flesh. That is the end.

Ku ti uma ku fe umuntu kubantu  
abamnyama a fulelwe ngama/la/la.  
Ku zinge ku /lolwa njalo umnini-  
ye lowo 'muntu ofileyo. Noma

WHEN a man dies among black  
men the grave is covered over  
with branches. The person to  
whom the dead man belongs  
watches the grave continually. If

ku fe indodana uyise a linde njalo i/la/la, ukuze ku ti se be bona ukuba i/la/la li bunile ba dele, b' azi a ku ko 'luto olu nga m ki-pako, ngokuba u se bolile. Kepa uma e fumana inyoka ngapezulu, a tsho uma e se buyile lowo 'muntu o be yo/lola, a ti, "O, ngi m fumene nam/la nje e tamele ilanga ngapezulu kweliba."

Ngaloko ke uma e nga buyi ukuya ekaya, be nga m pupi, ku /latshwe inkomo noma imbuzi, ku tiwe, u ya buyiswa en/le ukuba 'eze ekaya; ku ti uma be nga m pupi noma ku njalo, ba /lupeke ngokuti, "Lo 'muntu wa fa ka-njani? a si m honi; itongo lake li mnyama." Ku yiwe enyangeni yobulawo uma ku umuntu womuzi

a son has died, his father watches the branches constantly, that when they see that the branches are rotten they may be satisfied, knowing that nothing can now disturb the remains, for they are rotten. And if he observe a snake on the grave, the man who went to look at the grave says on his return, "O, I have seen him to-day basking in the sun on the top of the grave."

So then if the snake does not come home, or if they do not dream of the dead, they sacrifice an ox or a goat, and it is said he is brought back from the open country to his home. And if they do not dream of him, though the snake has come home, they are troubled and ask, "How did this man die? we do not see him; his Itongo is dark." They go to a doctor of ubulawo,<sup>10</sup> if it is the chief man

<sup>10</sup> *Ubulawo*, A class of medicines, used for cleansing and brightening. Medicines used with the view of removing from the system something that causes dislike, and introducing into it something that will cause love.

There are two kinds used in each case—black ubulawo and white ubulawo; the black "washes," the white "wipes;" the black takes away the "blackness"—"the evil,"—which causes a man to be disliked; the white makes him "white"—causes him to be "bright"—gives him a "beauty,"—which causes him to become an object of love and admiration.

Both black and white ubulawo are roots of plants.

The black is first used. The roots are bruised, mixed with water, and "churned:" when a great deal of froth has been produced by the churning process, it is drunk and the body is washed with it. It is used for about a month. The first time of using it, the medicines are taken to some place where the aloe is abundant; there a large fire is kindled of aloe; and the medicine being prepared is drunk in large quantities; it is emetic, and the contents of the stomach are ejected

omkulu ; ai, a ku tshiwo ngabantu kazana nje. Inyanga i fike i pe/le ubulawo, ku /latshwe imbuzi, yona i nomsindo nokukala ; imvu a i /latshwa ngokuba ku tiwa itongo li ya 'kuba mnyama, ngokuba imvu i isiula, a i namsindo ; a ku vamile ukuba ku /latshiswe itongo ngemvu ; itongo li /latshiswa ngembuzi, yona ku ti umuntu e sa i ti kahu ngosungulo, i be se i bangalasa, ba tokoze ke kakulu, ba ti, " Kala, nkomo kabani, owa ti, wa ti, wa ti " (be tsho izenzo zake). Ba ti, " Si ti, Buya u ze 'kaya, si ku bone nam/la nje. Si ya /lu-

of a large village ; but nothing is done as to the poor. The doctor comes and mixes ubulawo, and a goat is killed, it being an animal which makes a great noise and cries ; but a sheep is not killed, because it is said it will cause the Itongo to be dark ; for a sheep is foolish and makes no noise, and therefore it is not usual to sacrifice a sheep to the Itongo. The Itongo has a goat sacrificed to it ; when a man pricks it with a needle, it at once makes a great noise ; and so they rejoice greatly and say, " Cry, beast of So-and-so, who did such and such and such things " (mentioning the things he did). " We say, Come home again, that we may now see you. We are trou-

into the fire so as to quench it ; the object being that the " badness," which is cast off, may be burnt up and utterly consumed. On subsequent occasions the contents of the stomach are ejected on pathways, that others may walk over it, and take away the " insila " or filth that is the cause of offence which has been cast out.

When the treatment by the black ubulawo has been continued for the proper period, the white is used much in the same way. The roots are bruised, mixed with water, and churned. If the man is using it because he has been rejected by some damsol, he adds to the medicine something belonging to her which has been worn next her skin, especially beads ; whilst churning the medicines he praises the Amatongo, and prays for success. When the froth is produced and rises high above the mouth of the pot, he allows it to subside ; and then takes some of the froth and puts it on his head and sprinkles it over his body ; and then drinks the contents of the pot. It has an emetic effect. But the contents of the stomach are ejected in the cattle-pen. This place is selected because the white ubulawo is a " blessing."

The special circumstances under which such medicines are used are when a youth has been rejected ; or when a man wishes to obtain a favour from a chief or great man ; or when he has been summoned by the chief to answer a charge brought against him ; or under the circumstances narrated in the text. But in the case of " bringing home " the Itongo, the white ubulawo only is used.

peka, uma si nge ze sa ku bona, si ti, u si sola ngani na? loku izinkomo ezako zi mi nje; uma u biza inyama, u nga tsho zi hlatahwe, ku ng' ali 'muntu."

Y elape ke inyanga leyo yobulawo, i bu pehle i m biza, bu bekwewe emsamo. I tsho ukuti, "Ngi ti u za 'ku m bona namhla nje, u kulume naye; noma kade u nga m boni, namhla nje u ya 'uhlambuluka.

Ku njalo ke ukuyiswa kwesituta, si buyiswa ngenkomo na ngobulawo.

bled if we never see you, and ask, why you are angry with us? for all the cattle are still yours; if you wish for meat, you can say so, and the cattle be slaughtered, without any one denying you."

So the doctor of ubulawo practises his art; he mixes the ubulawo, calling the dead man by name, and puts the ubulawo in the upper part of the hut, and says, "I say, you will see him to-day, and talk with him; although you have not seen him for a long time, to-day he will be clear."

Such then is the means employed to bring back a ghost; it is brought back by sacrifice and ubulawo.

*The people do not worship all Amatongo indifferently.*

ABANTU abamnyama a ba kuleki ematongweni onke, abantu abafayo bakubo; kakulu ku kulekwa enhlokweni yalowo 'muzi kulabo 'bantwana balowo 'muzi; ngokuba abadala abafako a ba b' azi nezibongo zabo uma kwa ko obani na. Kepa uyise a ba m aziko u inhloko yokuba ba kgale ngaye, ba gcine ngaye ekukulekeni, ngokuba ba ya m azi yena kakulu, na ngoku ba tanda kwake abantwana bake; ba ya kumbula uku ba pata kwake e se kona, ba linganise loko 'ku ba

BLACK people do not worship all Amatongo indifferently, that is, all the dead of their tribe. Speaking generally, the head of each house is worshipped by the children of that house; for they do not know the ancients who are dead, nor their laud-giving names, nor their names. But their father whom they knew is the head by whom they begin and end in their prayer, for they know him best, and his love for his children; they remember his kindness to them whilst he was living; they compare his

pata kwake e se kona, ba ku mise nokuti, "U sa 'ku si pata kanjalo noma e file. A s' azi uma u ya 'kubuye a bheke aobani ngapandhle kwetu na; 'kupela u ya 'kubheka tina."

Ku njalo ke noma be kuleka kwamaningi amatongo akubo, b' enza ugange olukulu lwoku ba vikelala; kepa uyise u dhlulisisile ekupatweni kwamatongo amanye. Uyise u igugu kakulu kubantwana bake noma e nga se ko. Ku ti labo a se be kulile be m azisisa kakulu ukuba-mnene kwake nobukgawe bake. Ku ti uma ku kona ubu/lungu pakati kwonuzi, indodana enkulu i m bongwe ngezibongo zake a zi zusa um/la e lwa empini, a wa weze ngamazibukwana onke; i m tetisa ngokuti, "Ku nga ze ku fe tina nje. U se u bheke 'bani? A si fe si pele, si bone uma u ya 'ungena pi na? U ya 'kud/la izintete; ku sa yi 'kubizwa 'ndawo uma u bulale owako umuzi."

treatment of them whilst he was living, support themselves by it, and say, "He will still treat us in the same way now he is dead. We do not know why he should regard others besides us; he will regard us only."

So it is then although they worship the many Amatongo of their tribe, making a great fence around them for their protection; yet their father is far before all others when they worship the Amatongo. Their father is a great treasure to them even when he is dead. And those of his children who are already grown up know him thoroughly, his gentleness, and his bravery. And if there is illness in the village, the eldest son lauds him with the laud-giving names which he gained when fighting with the enemy, and at the same time lauds all the other Amatongo; the son reproves the father, saying, "We for our parts may just die. Who are you looking after? Let us die all of us, that we may see into whose house you will enter.<sup>11</sup> You will eat grasshoppers; you will no longer be invited to go any where, if you destroy your own village."

<sup>11</sup> That is, they suggest to the Itongo, by whose ill-will or want of care they are afflicted, that if they should all die in consequence, and thus his worshippers come to an end, he would have none to worship him; and therefore for his own sake, as well as for theirs, he had better preserve his people, that there may be a village for him to enter, and meat of the sacrifices for him to eat.

Ngemva kwaloko ke ngoku m bonga kwabo, b' em' isibindi ngokuti, "U zwile; u za 'kwelapa, izifo zi pume."

Ku njalo ke ukutemba kwabantwana etongweni eli uyise.

Futi uma ku kona inkosikazi yomuzi eyona i zala abantu, noma indoda i nga file, itongo layo li ya patwa kakulu indoda yayo nabantwana bonke. Leyo 'nkosikazi i itongo lokubonisa umuzi. Kepa kakulu uyise njalo o yena e inlloko yomuzi.

UMPENGULA MBANDA.

After that, because they have worshipped him, they take courage saying, "He has heard; he will come and treat our diseases, and they will cease."

Such, then, is the faith which children have in the Itongo which is their father.

And if there is a chief wife of a village, who has given birth to children, and if her husband is not dead, her Itongo is much revered by her husband and all the children. And that chief wife becomes an Itongo which takes great care of the village. But it is the father especially that is the head of the village.

KU tiwa ku kona itongo, inyoka. Ba pupe. Ba ti, ba nga pupa, a be se u ya gula; a ti, "Ngi gula nje, ngi pupile." Ba buze abanye, ba ti, "U pupe ni na?" A ti, "Ngi pupe umuntu." Uma kwa bubu umfo wabo, a ti, "Ngi bone umfo wetu." Ba buze, ba ti, "U be e ti ni na?" A ti, "Ngi m pupe e ngi tshaya, e ti, 'Kwa be u sa ng' azi na ukuti ngi kona na?" A ti, "Ngi m pendulile, nga ti, 'Uma ngi ya kw azi, nga u bona, ng' enze njani na? Ngi ya kw a-

It is said that there is the Itongo,<sup>12</sup> which is a snake. Men dream. A man dreams perhaps, and is then ill; he says, "I am ill for no other reason than because I have dreamed." Others ask him what he has dreamed. He tells them he has dreamed of a man. If his brother has died, he says, "I have seen my brother." They ask what he said. He says, "I dreamed that he was beating me, and saying, 'How is it that you do no longer know that I am?' I answered him, saying, 'When I do know you, what can I do that you may see I know you? I know that you

<sup>12</sup> The *Itongo*,—a collective term meaning the inhabitants of the spirit-world, or abapansi.

ti, uma umfo wetu.' Wa ngi pendula, kgedede ngi tsho njalo, wa ti, 'U ti uma u hlaba inkomo, u ngi ngi pati ini na?' Nga ti, 'Ngi ya ku pata, ngi ku bongwe ngezibongo zako.' Nga ti, 'Ake u ngi tshole inkomo e ngi i hlaba, a ngi ku pata. Loku ngi i hlaba inkabi, ngi ku pata; ngi i hlaba inyumbakazi, ngi ku pata.' Wa pendula, wa ti, 'Ngi ya i tanda inyama.' Nga m pikisa, ngi ti, 'Kga, mfo wetu, a ngi nankomo; u ya zi bona ini esibayeni na?' Wa ti, 'Neyodwa, ngi ya i biza.' U ti, nga ba se ngi ya papama, kwa se kubu/hlungu esikaleni; ngi ngi yati ma ngi pefumule, kw'ala; kwa ngamuka umoya; ngi ngi yati ma ngi kulume, kw'ala; kwa ngamuka umoya."

Wa kqinisela, ka vuma uku i hlaba inkomo. Wa gula kakulu. Wa ti, "Kona ngi gula nje, ngi ra si bona isifo esi ngi gulisayo." Ba ti abantu, "U si bona njalo, ku i lungisi na? Umuntu a ng' enza ngamabomu isifo esi mu gulisayo; si bona, a tande ukuze a fe na? Lok' umhlaba, uma se u tukutelele umuntu, u ya mu tshonisa na?"

are my brother.' He answered me as soon as I said this, and asked, 'When you sacrifice a bullock, why do you not call upon me?' I replied, 'I do call on you, and laud you by your laud-giving names. Just tell me the bullock which I have killed without calling on you. For I killed an ox, I called on you; I killed a barren cow, I called on you.' He answered, saying, 'I wish for meat.' I refused him, saying, 'No, my brother, I have no bullock; do you see any in the cattle-pen?' He replied, 'Though there be but one, I demand it.' When I awoke I had a pain in my side; when I tried to breathe, I could not; my breath was short; when I tried to speak, I could not; my breath was short."

The man<sup>13</sup> was obstinate, and would not agree to kill a bullock. He was very ill. He said, "I am really ill, and I know the disease with which I am affected." The people said, "If you know it, why do you not get rid of it? Can a man purposely cause the disease which affects him; when he knows what it is, does he wish to die? For when the Itongo<sup>14</sup> is angry with a man, it destroys him."

<sup>13</sup> The narrator from this point appears to relate something he has actually known, and not any hypothetical case.

<sup>14</sup> *Umhlaba*, the earth, is a name given to the Amatongo, that is,

<p>A ti, "Amanga, madoda ; ngi njenje ; ng' enziwa umuntu. Ngi ya m bona ebutongweai, ngi lele ; u ti, ngokuba u tanda inyama, u ngi kwele ngamakcebo ; u ti, ngi be ngi sa hlaba inkomo, ngi nga mu pati. Ngi ya mangala ke mina, loku izinkomo ngi zi hlaba kangaka ; a ku ko inkomo e nga i hlaba, a nga za nga m pata ; zonke izinkomo e ngi zi hlabayoy, ngi ya mu pata ; noma ngi hlaba imbuzi, ngi ya m pata ; ngi be ngi ya hlaba imvu, ngi m pate. Ngi ti kodwa mina, u y' ona ; a nga ti, uma e zibizela inyama, a ngi tshele nje, a ti, 'Mfo wetu, ngi tanda inyama.' A ti kumina, a ngi ze ngi nga m bonga. Mina ngi tukutele, ngi ti, u tanda uku ngi bulala nje."</p>	<p>He replied, "Not so, Sirs ; I am thus ill ; I have been made ill by a man. I see him in sleep, when I am lying down ; because he wishes for meat, he has acted towards me with tricks, and says that when I kill cattle, I do not call on him. So I am much surprised for my part, for I have killed so many cattle, and there is not one that I killed without calling on him ; I always called on him when I killed a bullock. And if I kill a goat, I call on him. And whenever I kill a sheep, I call on him. But I say, he is guilty of an offence ; if he wished for meat, he might just tell me, saying, 'My brother, I wish for meat.' But he says to me that I never laud him. I am angry, and say he just wants to kill me."</p>
---	---

the Abapansi, or Subterraneans. We find such expressions as these :—"U guliswa umhlaba," The Itongo has made him ill. "U bizwa umhlaba," He is summoned by the Itongo,—that is, he will die. "U petwe umhlaba," He has been seized by the Itongo. "U tshaywe umhlaba," He has been smitten by the Itongo. "U nomhlaba,"—"U netongo," An Itongo has entered into him and is causing disease.

*Umhlaba* is said to be an *ukuhlonipa* word. The following words are also applied to the Ancestral Spirit :—Itongo, Id/lozi, Isituta. We also have *Izinkomo zomzimu*. Among the Amazulu, *Umzimu* is a word used only in this connection, and appears to be a collective term for the Amatongo. But on the Zambesi, *Azimo* or *Bazimo* is used for the good spirits of the departed. (*The Zambesi and its Tributaries*. Livingstone, p. 520.) Compare also Note above, p. 93. There is also another word, *Unyanya*, which is used in the same way as *Itongo*. Thus a man who has been fortunate says, "Ngi bhokwe Unyanya," I have been regarded by *Unyanya*. Among the Amalala, we meet with another word, *Undhlalane*, pl. *Ondhlalane*. Thus they say, "Undhlalane u ngi bhokile," *Undhlalane* has regarded me, that is, the *Itongo*. "Ondhlalane ba ngi bhokile," The *Ondhlalane* has regarded me.—These words are probably the names of some great ancestors, who, though now forgotten, were formerly especially remembered and worshipped for their great and good deeds whilst living.



Ba ti abantu aba m bonayo lapa e gulayo, ba ti, "Au! Lo 'muntu, u ti, u sa ku kqonda ini ukukuluma na? Si kuluma nawe nje ke; u pi na, kona nati ugapana si m buza na? Loku nati ku se u /laba izinkomo; lapa u bonga, si kona u bonge, u m bonge, u m pate ngezibongo zake zobukgawe; nati si zwe. U ti, uma ku be, wena kabani na, uma ku be umfo wenu lona na, noma umuntu u fa kgede, a buye a vuke, nga si nga m buzi na, ukuti, 'U tsho ngani na?—loku Ubani u /leze e /laba izinkomo izikati zonke, ku se e ku bonga, a ku bonge ngezibongo zako zobudoda; nati si zwe.'"

A ti "Ehe!" o gulayo; "a ti u gabe ngokuba e ti umfo wetu omkulu; ngokuba mfina ngi muncinyane. Ngii ya mangala uma u ti, ma ngi kgede izinkomo nje. Yena wa fa e nge nazo ini na?"

Ba ti, "Au, umuntu wa fa, wena kabani. Tina si ti, uma si kuluma nawe nje, amehlo ako e sa

The people who see him when he is ill say, "Au! Do you mean to say that the man<sup>15</sup> still understands how to speak? We speak with you now; where is he, that we too might take him to task? For we too were present at all times when you slaughtered cattle; and when you lauded, you lauded him, and called upon him by the laud-giving names which he received for his bravery; and we heard. And, Son of So-and-so, if it could really be that that brother of yours, or any other man who is already dead, should rise again, could we not take him to task, and ask, 'Why do you say so?—since So-and-so is continually killing cattle, and lauds you with the laud-giving names which you received for your manliness; and we too heard.'"

The sick man replies, "Eh! My brother acts in this boastful way because he says he is oldest; for I am younger than he. I wonder when he tells me just to destroy all the cattle. Did he die and leave none behind?"<sup>16</sup>

They say, "Au, the man died, Son of So-and-so. For our parts we say, when we are really speaking with you, and your eyes are

<sup>15</sup> That is, he who is dead.

<sup>16</sup> "Did he die and leave no cattle behind?"—Since he did not sacrifice all his cattle to the Amatongo, but left some when he died, why should he be so unreasonable now he is an Itongo as to demand that I should sacrifice all mine?